Soek jy 'n fantastiese tutor?

www.teachme2.com/matriek

Byeengebring deur

teachme2

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

NOVEMBA 2019

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-13.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Isivivinyo sokuqondisisa	(30)
ISIQEPHU B:	Ukufingqa	(10)
ISIQEPHU C:	Uhlelo nokusetshenziswa kolimi	(40)

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

3. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

4. Dweba umugqa emva KWESIQEPHU NGASINYE.

5. Bhala izinombolo zezimpendulo kahle ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha lemibuzo.

6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.

7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

8. Ukwabiwa kwesikhathi okuncomekayo:

ISIQEPHU A:	Imizuzu engama-50
ISIQEPHU B:	Imizuzu engama-20
ISIQEPHU C:	Imizuzu engama-50

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO A (OFUNDWAYO)

ISIPHO SETHUBA LESIBILI

1 Ubani ongeke asamukela isipho sempilo? Ubani ongalifuni ithuba lesibili lokuphila? Ikusasa alaziwa, impilo yakho ingaguquka ngokuphazima kweso. Izigidi zabantu emhlabeni wonke zilinde ukunikelelwa ngesipho sempilo. Uhlu lwabantu abalinde ukuthola ithuba lesibili lokuphila likhula ngesivinini esikhulu. Umuntu oyedwa angakwazi ukusindisa imiphefumulo eyi-8 uma enikela ngezitho zomzimba, igazi kanye nangamathambo. Umuntu oyedwa osedlulile emhlabeni yena angasiza abantu abangama-50 ukuthi baphile noma bathole usizo lwezitho zomzimba abazidingayo. Kuningi ukudideka okukhona mayelana nokunikela ngezitho zomzimba. Lokhu kudalwa izinkolo, izinkolelo, amasiko kanye nokungabi nolwazi olwanele.

2 Wonke umuntu unalo ilungelo lokuzikhethela ukunikela ngezitho zomzimba. Usizo lokufakelwa igazi nezitho zomzimba alukhethi ukuthi ungubani, unamalini futhi uhlalaphi. Okokuqala kufanele ubhalise enhlanganweni okuthiwa yi-Organ Donor Foundation of South Africa (ODF) nakwezinye izindawo ezisemthethweni zokubhalisela ukunikela ngezitho zomzimba ukuze ufakwe ohlwini lwabanikelayo. Kubalulekile ukuthi umndeni wakho noma abasondelene kakhulu nawe bazi ngalokho. Umazisi ufakwa isitembu esibhalwe ukuthi 'DONOR'. Ungafaka futhi nebhangela elakhelwe abantu abanikela ngezitho zomzimba. Uyahlolwa odokotela bempilo ukuthi awunazo izifo ezingalapheki noma ezisegazini lakho. Umuntu ongaphansi kweminyaka eyi-18 udinga imvume yabazali noma yombheki (guardian) wakhe ngaphambi kokunikela. Abaneminyaka engaphezulu kwama-60 ngeke bakwazi ukunikela ngengaphakathi leso. Uma unesifuba somoya (asthma) awukwazi ukunikela ngenhliziyo kodwa unganikela ngezinye izitho zomzimba. Ukunikela ngezitho zomzimba kumahhala, usuke uzikhethele wena ukwenza ubuntu ngokupha abanye ithuba lokuphila.

3 Ukufakelwa kwezitho zomzimba kunomlando osuka kude. Ngomhla zi-3 kuDisemba 1967, uDokotela Christian (Chris) Barnard wakhipha inhliziyo kumuntu ongasekho wayifaka kophilayo. Lo mlando wenzeka eNingizimu Afrika eGroote Schuur Hospital eKapa. Wafakela uWashkansky inhliziyo kaDenise Darvall owayeshone engozini yemoto. UWashkansky wakwazi ukuphila nale nhliziyo nakuba emva kwezinsuku eziyi-18 washona ebulawa yisifo senyumoniya. Ulwazi ayelusebenzisa uDokotela Barnard wayeluthathe ocwaningweni olwalwenziwe ngonyaka we-1950 yiqembu labacwaningi baseMelika. Laba bacwaningi bakwazi ukufaka ngempumelelo inhliziyo yenja kwenye eyayinenkinga esifundazweni saseCarlifonia ngonyaka we-1958.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

4 Ukunikela ngezitho zomzimba kuhlukaniswe kabili; kukhona ezinikelwa ngumuntu osaphila nalezo ezikhishwa uma umuntu eseshonile. Izinso, ucezu lwesibindi, iphaphu namathumbu kunganikelwa ngumuntu osaphila naye aqhubeke nempilo yakhe. Ezinye zalezi zitho zomzimba uma zifakelwa kuba nemibandela yezinto okungafanele uzidle noma uziphuze njengotshwala nokudla okunamafutha amaningi. Inso yisona isitho esinikelwa kakhulu ngoba umuntu uyakwazi ukuphila ngenso eyodwa. Kubalulekile ukuthi igazi lakho nelalowo omnikelelayo lihambelane. Onikelayo naye uyahlinzwa ukuze kukhishwe lokho okuzofakelwa komunye. Izindleko zokuhlinzwa zikhokhwa umshuwalense wonikelelwayo noma isibhedlela.

5 Imindeni ikwamukela ngezindlela ezahlukene ukunikela nokufakelwa kwezitho zomzimba. Abanye bathi kuyabaduduza ukwazi ukuthi noma beshonelwe ngothandiweyo wabo, kukhona othole ithuba lokuphila. UJeni Stepien wacela indoda eyafakelwa inhliziyo kababa wakhe ukuthi kube yiyona ezomela ubaba wakhe ngokumngenisa esontweni ngosuku lwakhe (uJeni) lomshado. Lokhu uthi kwamenza wangazwela ukuthi ubaba wakhe wahamba emhlabeni lungakafiki usuku lwakhe lomshado. Umndeni wakwaLekoba wanikela ngenhliziyo nangesibindi sendodakazi yabo eyashona ineminyaka emi-5. Bathi lokhu kubenza bagubhe usuku lwayo lokuzalwa yonke iminyaka ngoba inhliziyo yendodakazi yabo isasebenza komunye umuntu. Abantu **abayi nganxanye bengemanzi**. Kukhona abathi abakutholi ukwamukela ukuthi othandiweyo wabo akasekho uma izitho zomzimba wakhe zisemizimbeni yabanye abantu. Abanye abantu abathandi ukwazi ukuthi izitho zomzimba ziye kubani noma zivela kubani.

6 Baningi abantu abashona nezitho zomzimba ezingasiza izigidi zabantu. Asizame ukulekelela ngoba **kudla fumuka kudle silaza**.

[Ucwaningo oluthathwe ku-www.donatelife.net lwase luyahunyushwa]

1.1.1 Yisiphi isipho sempilo okukhulunywa ngaso kule ndaba oyifundile? (1)

1.1.2 Yini evimbela abanye abantu ukuthi banganikeli ngezitho zomzimba ngokwesigaba soku-1? Bhala OKUBILI. (2)

1.1.3 Ubonakala kanjani umuntu onikela ngezitho zomzimba ngokwesigaba sesi-2? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

1.1.4 Khetha impendulo eyodwa kulezi ozinikiwe:

UWashkansky wabulawa ...

A isifo senhliziyo.
B isifo sofuba.
C isifo senyumoniya.
D ingozi yemoto. (1)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

1.1.5 Lwalwenziwe kanjani ucwaningo lokuqala lokufakela izitho zomzimba komunye umzimba? (2)

1.1.6 Bhala izitho zomzimba EZIMBILI onganikela ngazo kothandiweyo wakho ukuze niqhubeke nokuphila nobabili. (2)

1.1.7 Sizathu sini esenza ukuthi izindleko zokuhlinzwa komuntu zikhokhwe umshwalense walowo onikelelwayo? (2)

1.1.8 Yisiphi isenzo sikaJeni Stepien esikhombisa ukuthi wayemthanda kakhulu ubaba wakhe? (2)

1.1.9 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenzisiwe endabeni.

(a) Abantu **abayi nganxanye bengemanzi**. (2)

(b) Ukufa nokugula **kudla fumuka kudle silaza**. (2)

1.1.10 Kubaluleke ngani ukuthi umuntu azikhethele yena esaphila ukuba kunikelwe ngesitho sakhe uma eseshonile, kungabi isinqumo somndeni? (2)

1.1.11 Kungabe IQINISO noma UMBONO ukuthi umuntu obhema kakhulu angeke akwazi ukunikela ngamaphaphu akhe? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.12 Phawula ngokwenkolelo yakho ngesenzo sokunikela ngezitho zomzimba kulabo abazidingayo. (2)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

1.2 Bukisisa UMBHALO B bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO B (OBUKWAYO)

ISITHOMBE SOKU-1

ISITHOMBE SESI-2

[Sicashunwe ku-www.googlepics.com]

1.2.1 Bhala okwenza abazali bakaLinda bangakwazi ukubona ubuso bendodakazi yabo esithombeni soku-1. (1)

1.2.2 Yini ekhombisa ukuthi isithombe soku-1 sathathwa kusakhuluma umama kaLinda? Bhala OKUBILI. (2)

1.2.3 Yini eyenza sicabange ukuthi uthishomkhulu, uNkk. Wizard ukhuluma nabantu abaningi kulesi sithombe sesi-2? (1)

1.2.4 Kungabe isithombe sesi-2 siphumelele yini ukusethulela/ ukusivezela uMel njengengane engahloniphi? Sekela impendulo yakho. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

SIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Fundisisa UMBHALO C ongezansi bese uwufingqa ngamaphuzu ayi-7 ubhale ngokubaluleka kolwandle.

IMIYALELO

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile, bhala inani lamagama owasebenzisile.

UMBHALO C (OFUNDWAYO)

UKUBALULEKA KOLWANDLE

Umhlaba uzungezwe ulwandle ngamaphesenti angama-70. Ulwandle lubaluleke ngezindlela eziningi ezahlukene.

Ulwandle lunamanzi afudumele kanye nabandayo. Izilwane ezifana nezinhlanzi, imikhoma, nezinye zihlala olwandle kuphela. Ukuphumela kwazo ezweni kusho ukuphela kwempilo yazo.

Kukhona amazwe kanye neziqhingi okufanele uma uya kuzona unqamule olwandle. Ezokuthutha ziyalusebenzisa ulwandle ukuhambisa izimpahla, imikhiqizo nezivakashi emazweni ahlukene. Lokhu kuqinisa ubudlelwane bamazwe akude naseduze.

Imisebenzi ayitholakali kalula emazweni amaningi. Ulwandle lunamathuba amaningi emisebenzi esiza ukukhuphula izinga lomnotho. Lokhu kusiza imindeni nemiphakathi ebulawa yindlala.

Olwandle kunemikhumbi nezikebhe ezinhle ezifana namahhotela ngaphakathi. Abantu bayangcebeleka olwandle benze nezindumezulu zemicimbi efana nemishado, ukugubha usuku lokuzalwa neminye. Lokhu kushiya izinkumbulo ezingapheli ezimpilweni zabo.

Kunezinkolelo abantu abanazo mayelana nokusebenzisa ulwandle. Kukhona abasebenzisa amanzi olwandle ukwelapha izifo zesikhumba, ukubhabhadisa nokulahla kulo imilotha yabangasekho. Lokhu bakwenza ngoba benethemba lokuthi ulwandle lungabasiza.

Izinga lemidlalo nemincintiswano yasemanzini liya ngokwanda. Imincintiswano yokugwedla ngezikebhe, ukubhukuda, i-surfing neminye yenzelwa nasolwandle. Ngenxa yale midlalo abanye bagcina sebengosaziwayo.

Zonke izinsuku abantu baya olwandle ngezizathu ezahlukene. Ulwandle lungenye yezinto ezisetshenziswa ukupholisa ikhanda kubantu abanokhwantalala (stress) nesizungu. Babuya bezizwa bengcono.

Kufanele abantu baluhloniphe futhi balugcine luhlanzekile ulwandle ngenxa yokubaluleka kwalo.

[Umbhalo wokuziqambela]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQHEPHU C: IZAKHIWO KANYE NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

Bukisisa UMBHALO D bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

BUKHAZIKHAZI HOTEL

UFUNA I-MATRIC DANCE ESESITAYELENI?

SIZOKUNIKA INDAWO EZOFEZA IPHUPHO LAKHO.

Konke lokhu sikunika ngamanani alingene iphakethe lakho.

IMOTO	IZINWELE	IZINZIPHO	IZIPHAQULO

- ✓ U-DJ
- ✓ I-BUFFET
- ✓ IZITHOMBE NAMA-VIDEO
- ✓ IZIPHO

BHUKHA MANJE!

bukhazi.vodamail.co.za @khazikhazi #khazi_54 086 144 4888/9

Ungathinta onogada uma ufika ukuze bakusize.

Le ndawo ithatha abantu abayi-100 kuya kwabayi-1000.

Imithetho nemibandela

Kukhokhwa idiphozi engama-70% ngaphambi komcimbi.

[Umbhalo wokuziqambela, izithombe zicashunwe ku-www.googlepics.com]

3.1 Siqondiswe kobani lesi sikhangisi? (1)

3.2 Bhala OKUBILI abaseBukhazikhazi Hotel abakunika amakhasimende abo. (2)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

3.3 Guqula lo musho olandelayo ube inkathi yamanje eqhubekayo.

Kukhokhwa idiphozi engama-70% ngaphambi komcimbi. (1)

3.4 Guqula igama elikubakaki liveze umqondo okhombisa ukwenzela kulo musho olandelayo:

Konke lokhu (sikwenza) ngamanani alingene iphakethe lakho. (1)

3.5 Khetha uhlobo lwesifenqo oluqukethwe yilo musho olandelayo:

Le ndawo ithatha abantu abayi-100 kuya kwabayi-1 000:

A Isifaniso
B Isingathekiso
C Uteku
D Isenzasamuntu (1)

3.6 Tomula amagama anolimi oluphoqayo asesikhangisweni. (2)

3.7 Ngokucabanga kwakho kungabe ezokuphepha ziqinisiwe eBukhazikhazi Hotel? Sekela impendulo yakho. (2)
[10]

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

UMBUZO 4

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

UMNUMZANE ZIKODE UZE KUDOKOTELA WENGQONDO (Psychologist).

[Sicashunwe ku-www.googlepics.com]

4.1 Kungani uZikode ezwakala njengomuntu ongathembekile? (2)

4.2 Bhala igama eliyisabizwana sokukhomba kulo musho olandelayo bese ulisebenzisa emshweni ozakhele wona:

Bazobamba yonke le mali yami yempesheni. (2)

4.3 Guqula igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo likhombise ukuphika/ukulandula.

Ngantshontsha imali emsebenzini. (1)

4.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe ukuchaza isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

Uyazi dokotela **ngiswele umgodi wokucasha**:

A Ukuba namahloni.
B Ukuba nosizi.
C Ukuba nobugebengu.
D Ukuba namanga. (1)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

4.5 Tomula isibanjalo kulo musho olandelayo bese usisebenzisa emshweni ozakhele wona.

Udokotela ufuna ukusiza uZikode ukuthi abe ngumuntu oqotho futhi. (2)

4.6 Ukuba wena ubunguDokotela Khoza, ubuzoqhubeka umsize yini uMnu. Zikode? Sekela impendulo yakho. (2)
[10]

UMBUZO 5

5.1 Fundisisa UMBHALO F bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO F (OFUNDWAYO)

Hheyi bakwethu! Usuphelile njalo unyaka? Impela isikhathi sesidliwe yinja. Sekuzovela imiphumela kuwo wonke umuntu obesebenza nobefunda. Kuzocaca ukuthi bawulungiselele ngokufanele yini **uZibandlela**. Phela konke kuvela obala ngale nyanga. Alikho eligxumela elinye. Bazohlala obala labo ababedlala ngemali nangesikhathi. Abanye bazobe behleka bodwa sebethola amabhonasi abo. Kukhona abazothola imali abebeyonga unyaka wonke. Abafundi abazimiselile bazodlulela phambili. Kuneqembu elizivocavocayo ukuze libe nemizimba emihle ehambisana nalesi sikhathi. 5

Izigebengu nazo azizibekile phansi ngalesi sikhathi. Amadolobha amakhulu agudle ulwandle agadwa kakhulu. Kufakwa amaphoyisa amaningi ngoba abantwana bayalahleka futhi bayantshontshwa kulezi zindawo. Amaphoyisa ahlale ethola izingane ezidukile azigcine. Izingane ezimukayo zidliwa izilwane eziyingozi. 10

[Umbhalo wokuziqambela]

5.1.1 Lo musho olandelayo uqukethe luphi uphawu lokuloba?

Hheyi bakwethu! (1)

5.1.2 Nciphisa igama elibhalwe ngokugqamile bese uzakhela umusho ophelele ngalo.

Impela **isikhathi** sesidliwe yinja. (2)

5.1.3 Hlobo luni lwebizo elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo:

Iqembu lezigebengu nalo alizibekile phansi. (1)

5.1.4 Guqula amabizo abhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo abe isandiso sendawo (ondaweni).

Amadolobha agudle **ulwandle** kugada amaphoyisa amaningi. (2)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

5.1.5 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe usho ukuthi uluhlobo luni lo musho olandelayo:

Kufakwa amaphoyisa amaningi ezindaweni ezigudle ulwandle ngoba abantwana bayalahleka kulezi zindawo.

A Umusho oqondile.
B Umusho ombaxa.
C Umusho omagatshagatsha.
D Umusho oncikile. (1)

5.1.6 Bhala ELINYE igama elisho okufanayo naleli elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

Sekuzovela imiphumela kuwo wonke umuntu obesebenza nobefunda ukuthi uwulungiselele kanjani **uZibandlela**. (1)

5.1.7 Khetha igama elifanele kulawa owanikeziwe bese ugcwalisa isikhala kulo musho olandelayo:

[ikati, ihhashi, ixoxo]

Alikho phela … eligxumela elinye. (1)

5.1.8 Sebenzisa leli bizo elilandelayo emshweni ozakhele wona libe umenziwa.

Abasebenzi (2)

5.1.9 Guqula igama elikubakaki emshweni olandelayo libe ongumnini/ubumnini.

Izilwane (amanzi) zidla izingane. (1)

5.1.10 Phinda ubhale lo musho olandelayo ulungise amaphutha:

Uhamba nobani lomntwana (2)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

5.2 Bukisisa UMBHALO G bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO G (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

[Sicashunwe ku-www.googlepics.com]

5.2.1 Uchaza ukuthini uNkunzi uma ethi: 'sengidle ukotini'? (2)

5.2.2 Ngokubona kwakho yimuphi umuzwa oqukethwe imicabango kaQwabe? Sekela impendulo yakho. (2)

5.2.3 Sebenzisa ibizo, 'ibala' emshweni ozakhele wona ukuze kuvele umqondo ohlukile kulona osenkulumweni kaNkunzi. (2)
[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 40
AMAMAKI ESEWONKE: 80